EDITION 4: MAY 2008

# UNFreedom Day

Izindaba Ezivela Kumbutho WaBahlali BaseMjondolo

# KZN Abahlali: Izindaba Ezivela Kubantu

Kubalulekile ukuxoxisana kabanzi ngenkululeko. Akusiko nje okwabantu abambalwa ukuba nezingxoxo ngenkululeko kodwa kungokwabantu ngobuningi babo. Njengabahlali basemjondolo kubalulekile ukuthi lezingxoxo "ngosuku lwenkululeko" zenzeke ezindaweni zonke lapho sihlala khona. Lokhu kuzokwenza sizwe ukuthi abantu bathini futhi sibheke nezimo esiphila ngaphansi kwazo njengokusha kwemijondolo kanye nomthetho wokudilizwa kwemijondolo. Kumele sibe nezingxoxo ezivulekile ngemizwa yethu ngenkululeko ikakhulukazi ngoba izimpilo zabantu abaningi zikhombisa ukungabikho kwenkululeko. Njengombutho wabahlali basemjondolo kumele sonke sibe nokuqonda okufanayo ikakhulukazi uma sifuna ukumela nokufuna iqiniso. Imithombo esinayo kumele siyisebenzise ukuthola iqiniso ngoba isimo sepolitiki esiphila ngaphansi kwaso siyasivimbela ukwazi iqiniso nakuba sazi ukuthi akekho ongaphumelela ukusivimba ekumeleni iqiniso.

Inxoso yokuba ne Unfreedom day lapho sithi ayikho inkululeko kubantu abampofu, sisuke sibuka imithetho enjenge Slums Act iphoqwa ngenkani ezimpilweni zabahlali basemjondolo. Kuyiqiniso ukuthi siyakhunjuzwa ukuthi kunenkululeko eNingizimu Afrika kodwa futhi kunokuxoshwa nokudilizwa kwemijondolo. Kuthiwa sikhululekile kodwa ubuphofu nokufuduswa kwabantu kusaqhubeka.

Asikakhululeki uma sisanqatshelwa amalungelo ethu futhi sihlukunyezwe sidutshulwe uma sinemibhikisho siveza izikhalo zethu. Asikakhululeki uma abantu besahlaselwe ubugebengu, izifo, ukungabi namakhaya kanye nokungabikho kwemisebenzi.

## Umthetho Wokudilizwa Kwemijondolo (Slums Act)

Lomthetho uhlose ukuqeda imijondolo KwaZulu Natal, uvimbe ukwakhiwa kabusha kwemijondolo kanye nokugqugquzela omasipala ukuthi nabo badilize futhi bavimbe ukwakhiwa kabusha kwemijondolo. Lomthetho ubuye uthi uzoqinisekisa ukuthi izimpilo zabantu zithuthukiswe kodwa akukho zinhlelo ezivezwayo zokufeza lokhu. Kungenxa yalokho sithi lomthetho ubheke ukudiliza imijondolo kunokuthuthukisa izimpilo zabantu.

Njengabahlali sithi asiwudingi lomthetho. Sithi uhulumeni akalandele imithetho ekhona yokuvimbela ukuxoshwa kwabantu nokuthuthwa ngenkani bayiswe ezindaweni ezikude. Uhulumeni kumele alandele imithetho egunyaza ukwakhiwa kwemizi lapho abantu behlezi khona. Sidinga imithetho ezonqanda amagunya osomabhizinisi yokuthatha imihlaba futhi iphoqe omasipala ukuthi balethe ingqalasizinda emijondolo kusalindwe ukwakhiwa kwezindlu.



## Ukungabikho kweNkululeko kuyiMpilo yansuku zonke emjondolo

ngoMhlali wakuKennedy Road

Abahlali basemjondolo abasoze bakhuleka nakuba abaholi bethu befuna sibungaze usuku lwenkululeko. Kubafanele bona lokhu ngoba sebephethe izintambo okwabe zingezahulumeni wobandlululo. Inkululeko akusikho nje ukuphunyuka emandleni ombuso wengcindezelo nobandlululo kodwa imayelana nokweneliseka kwizidingo zemihlangemihla. Inkululeko ayisoze yaphoqwa kodwa kuyabonakala ukuthi ivamise ukuvinjelwa ukufika ebantwini. Ukubakhona kwemijondolo kuyinkomba yokungabikho kwenkululeko. Uhulumeni uchitha ima,li ezintweni ezingesizo izidingo ngqangi kube abantu abahlala emijondolo nasemapulazini bebe behlupheka nsuku zonke.

Abaholi bakuhulumeni wesifunda nakomasipala abaseyukwazi ukukhohlisa abahlali basemjondolo. Ukugwema kwabo ukuxoxisana nabahlali basemjondolo kuyinkomba yokuthi uma sebeqokelwe ezikhundleni eziphezulu bayakhohlwa abantu abahluphekile kodwa banake izihlobo nabangani. Imiphumela yalokhu kuba ukubhebhetheka kwenhlupheko kubantu abahlala emjondolo kwazise abantu abahola kangcono basuke sebengazimbandakanyi nosizi lwasemijondolo.

Nakuba kunjalo kumele kungayekwa ukuphonsa inselelo kwiziphathi mandla. Kubalulekile ukwazi ukuthi kungani bengasinaki isimo sempilo yabampofu kube kuyibo ababavotela. Kungani kuqhubeka ukungalethwa kwentuthuko emiphakathini esihlala kuyo? Ngabe ngubani lo ogqugquzela ukunganakwa kwabantu abahlala emijondolo? Ingabe ukube iziphathimandla ziyayizwa inhlupheko yasemjindolo bezizo qhubeka yini nokucekela phansi amakhaya ethu? Ingabe imithetho yokuletha ingcindezelo emijondolo ibizoqhubeka yini nokuphakanyiswa? Ngakolunye uhlangothi kumenyezelwa ukwakhiwa kwemixhaso, kuthi kungazelele muntu kuphakanyiswe imithetho kokudilizwa kwemijondolo ngaphambi kokwakhiwa kwezindlu.

Sisazobhabhadiswa ngomlilo njengoba kuza ukhetho lukazwelonke ngo 2009. Wonke umuntu kanye nabantwana abancane uyobe ekhuluma ngezindlu zomxhaso kumuntu wonke. Lokhu kuyobe nje kuyithikithi lokugaya amavoti kubantu abahlala emjondolo, ngoba uma iziphathimandla seziqokiwe ziyakhohlwa izethembiso ezizenzile kubantu abampofu.

Njengelunga lombutho wabahlali basemjondolo nginethemba lokuthi umbutho wabaHlali BaseMjondolo uzoshesha ngezinhlelo ephathelene nezindlu, uqhubeke nokuxoxisana nomasipala ngemihlaba yakhe ukuze kwakhiwe izindlu. Ngokwami, "Asisabuyeli Emuva, Umzabalazo Uyaqhubela".

# Bathini Abanye Abahlali?

**Mr. James Pillay:** Ngokwami, ayikho inkululeko kubantu abampofu, sifihliwe, asinakiwe, akekho ofuna ukusisiza nabayizigwili bayasicindezela. Akekho ofuna sizikhulumele ngosizi lwethu kumazwe angaphandle, kuphela nje sifunwa imali nsukuzonke. Ikuphi inkululeko uma kunjalo. Inkululeko ibakhona uma wonke umuntu elingana futhi nohulumeni esebenzisa igama lenkululeko ngendlela eneqiniso ngokuthuthuka kwezimpilo zethu.

**Mr. Bheki Ngcobo:** Ayikho inkululeko ngoba izidingo zabantu abampofu azihlangatshezwa. Kunokukhulu ukungabikho kobulungiswa ezweni lethu.

**Mr. R Moosamy:** Inkululeko ngeyabantu abayizigwili kuphela, okwanzeka kubantu abampofu akundaba yamuntu. Izwe lingakhululeka kanjani uma kuyizicebi kuphela ezinakekelwayo? Kungaba kanjani inkululeko uma abantu abayizigwili bedlondlobala kuthi abampofu bazike kakhulu enhluphekweni? Ikuphi inkululeko kwabampofu uma besakhala kungezwa muntu?

**M. A.B. Luthuli:** Bakhululekile kusuka ngo 1994 kodwa thina asikakakhululeki. Abanye basilwisela ukusebenzisa ilungelo lethu lokuzikhulumela.

**Mrs. Shamita Naidoo:** Iyini Inkululeko?Ukhululekile na? Cha, angikhululekile uma ngingavumelekile ukulungisa indlu engihlala kuyo. Lenkululeko ingeyabayizigwili nezidingo zabo. Kusizangani ukulalela izethembiso zamakhansela neziphathimandla kodwa kube kungafezeki nesisodwa? Sathenjiswa imfundo yamahala, izindlu zomxhaso ezinogesi namanzi. Uma zonke lezizinto bezifezekile impela abantu abampofu bebezofakaza bethi ikhona inkululeko, baye nokuyobungaza usuku lweNkululeko.



**Zanele Gavu:** Uma sesilethelwe inkululeko kungani sixoshwa ezindaweni esihlala kuzo? Ikuphi inkululeko uma sihlala ngaphansi kwezimo ezinje?

**Lungile Khumalo:** Uma sithi sifuna izimfanelo zethu esizindingayo asizitholi, kuphela kufanele siVote. Sivotelani sibe singaka tholi lutho? Okumanje sisahlala emijondolo inhlanzeko ayikho ezindaweni esihlala kuzo. Ukuthuthwa kwendle akusenelisi indlela okwenzeka ngayo.

**Busisiwe Motha:** Isizathu sami sokuthi ngithi angikakhulu leki ngoba ngisahlala emijondolo oyindlu eyodwa kodwa sibaningi-ngingasho kanjani ukuthi ngikhululekile ngibe ngisa hlukunyezwa amabhunu esifukuzisa.

**Thule Xaba:** Angijabuli neze ngosuku lwenkululeko ngoba ngisahlala emjondolo, akukho manzi, akukho gesi futhi akukho nkululeko. Mina ngifuna indlu lapho ngihlala khona hayi ukususwa.



**Zikelephi Khambula:** Umhlaka 27 April usuku lwenkululeko kodwa akusiyo yomuntu wonke. Abahlala emjondolo abakakhululeki njengoba bengenamizi, bengena manzi, bengenagesi kanye nezindlu zangasese. Uhulumeni wethembisa ukwenza izinto kodwa akesenzeli lutho. Kuphela nje silindelwe ukuthi sivote njalo emva kweminyaka emihlanu sibe singazi ukuthi sivotelani ngoba asitholi lutho.

**Nsingo:** Uma ubuka abantwana abahlala emijondolo kanye nesimo abaphila ngaphansi kwaso uyabona ukuthi ayikho inkululeko.

**Zodwa Magwaza:** Ngingasho kanjani ukuthi ngukhululekile uma ngilala nezinyoka endlini? Ngingasho kanjani ukuthi ngikhululekile uma ngiphoqeleka ukushiya indlu yami ngenxa yezinyoka? Inkululeko ayisiko nje kuphela ukuthola imizi kodwa nokwazi ukuthi kunezinhlelo zempilo engcono kumuntu wonke.

## Awusixoxele Eyakho Indaba

**Ikuphi ongasilandisa ngakho ukuzwakalisa ukungabikho kwenkululeko? Ithini eyakho indatshana ngokunqatshelwa ilungelo lokuba nomuzi? Sifuna ukuzwa ngawe.** Sithinte noma usibhalele:


c/o Mr S'bu Zikode, Abahlali BaseMjondolo Movement,
PO Box 26, Umgeni Road, 4098, Durban
Tel: (031) 269 1228, Fax: (031) 269 3749
www.abahlali.org


## Hlanganyela nathi ekulweleni amalungelo ezindlu nasenkantolo




Update:

- Abahlali abangu 14 ababeboshelwe ukubhikisha ngonyaka odlule batholwa bengenacala enkantolo yamantshi mhla zingu 29 January 2008
- Abahlali base Kennedy abangu 6 ababeboshelwe izinsolo ngecala lokubulala batholwa bengenacala enkantolo yesifunda mhla zingu 27 March 2008
- Umlilo eJadhu Place ngeSonto ekuseni ushise imijondolo engaphezu kwengu 400 yashiya abantu abangu 1500 bengenamakhaya.
- **Abahlali Basemjondolo sebefake isimangalo enkantolo ephakeme ukuphikisana nomthetho wokudilizwa kwemijondolo ngo February 2008**